(7) Ser.353 Ki Hlonipha rules and married life: Partly autobiographical. Henrietta V. Mhlongo. 13

1b

11. Ukuhlonipha. Ki 3/27 1/27

18

Kuqala 6a6ehlonishwa a6azali. Uyihlo u6ungeke usho kuye ukuthi, "6a6a". U6um6iza nge6utho lakhe. Kuthi uma engu-Falaza, ingane ithi uma im6ona eza, ekude, ithi, "Nanguya u-Falaza wakwethu ". Uyaqala uyangena, ingane iphambana naye iya kozidlalela, ngo6a ingenakuhlala endlini kukhona uyise, kungahlwile lingani.

Noma umntwana eseyinsizwa nje u6engenakuhlala esigqikini kukhona uyise, ngo6a kunga6e uyamqhoshela.

Umntwana u6engenakuleqa izwi likayise. 6ekuthi noma intombazane yethembisene nesoka layo ngasese ukuthi izoligana, uma ithi ifika
2 ekhaya uyise a6e eyikhombisa umuntu onelondolozo, okufanele imgane, i6e se ifela phakathi, igane lowo o6onwa nguyise. Akufanele ingane i6onisane noyise, kufanele ihloniphe izwi likayise.

6ekuthi uma uyise ekhuluma nengane yakhe, ibeke phansi ingambeki umuntu omdala ezintlamvini zamehlo.

Umfana u6ethi uma eza necala ekhaya, icala loku6a kuzongena umntanomuntu azogana, ezokudla izinkomo esi6ayeni, a6aleke. Anga6i kho ekhaya. Zithi zingena izintombi a6e engekho yena. Kuthi noma sezingenile izintombi, zi6uzwa ukuthu nikhwela ngo6ani, zisho zithi sikhwela ngo6ani6ani, sizomgana. Ku6uzwe ukuthi u6eni6izile yini?
3 Zithi cha, kasi6izanga. Sidimde samthanda nje. Sizomgana.

A6e setshelwa umnumzane. Atshelwe yisalukazi. Athukuthele. Athi maku6izwe umfana lowo. 6aphume 6amfune. 6a meswele impela. 6aye komlandula kuyise. Usezozifihla impela ke lomfana koze ku6uywe ko6ikwa intombi le emganileyo, i6ikwa kuyise, i6ikwa ngezinkomo. Loko ke umfana ukwenza ngo6a kungumthetho. Ehlonipha uyise. ~~Engenakumtsh~~ Engenakumtshela ngolomo wakhe ukuthi sengiyhanda ukwendiwa manje.

Naye ke ~~x~~ uyise kufanele a ngalinqumi icala lomntanakhe yedwa. Kuyintlonipho yakhe uku6a athumele ingane iye ko6iza a6afowa6o 6azom6onisa ukuthi kungenziwa njani ngalelicala eselidalwe ngumfana.

4 Se6ezokhuluma ke 6a6onisane ukuthi kungaya 6ani 6oyi6ika kuyise, ~~xyx~~ ayi6ike ngezinkomo ezingaki. Naye ke uyise yiyona ndlela leyo ahlonipha ngayo a6afowa6o. Kuthi no6a kuzohlatshwa nje, ekhaya, a6a6ikele a6afowa6o. No6a ku khona ogulayo a6a6ikele. No6a

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

kukhona nda6ani nje efuna ukuhulunywa, a6a6ikele.

Se6ezothi ke 6angayivuma intombi 6ayi6ike 6athi du, 6a yetha6ele, a6e seqhamuka e6undlaza njengenja inyo6ozela idle amaqanda. Aye angene kwaninakhulu. Sekuzothi naye amdumele ngokuba6aza, ethi Hawu! Mntanomntanami! Wasithela ngecala, sesidliwa yingwe ungasa6onwa u6uyephi? Usezohleka kancane, enovalo athi. kodwa kuthiweni gogo,
5 usezothi Au! 6ayivumile. 6ayi6ike ngezinkomo eziyikuthi, noyise xzx kaze a6a namandla. A6e setha6a e6uza ukuthi yona i6ithe i6izwe yimi yini? Athi, cha, ithe ikwephukele. A6e sethi auzwa ke gogo? Ayi6izwanga yimi. Nami 6engingayazi.

Noyise useyaqala uyam6ona umfana lowo, useodlile. Selidume! lasa. Isiphela xgk ngako loko njalo.

Nentombazana, i6imhloniphe. Kakhulu uyise. I6ingeze yathanda uku6a izinda6a zayo zizwiwe nguyise.

I6ithi no6a iya kogana yeqe impela. Ingalokothi ihle6ele nonina, ngo6a angaqa6uka eyidalula kuyise.

I6iphumela ngakwasalukazi. Itshele no6a umlo6okazi nje,
6 yikhona kothi la sekufunwa a6e selinganisa nje ukuthi uke wezwa ikhuluma nenye, ye6oleka isidwa6a, kaze azi nokuthi i6izosenzani. Se6ezo6ona ke ukuthi iye kogana.

Isizo6anga ngokuthi 6azofika a6asemzini 6azoyi6ika 6ona. Yona ayiyi ku6a nazwi eli6ekisa ngakuyise.

Futhi umnumzane u6ehlonishwa ngoku6a izingane esezibekile, za6afana no6a ngezamantombazana, zingalali endlini lapha kulala khona uyise.

6ezi6a namalawu, no6a ziye kolala kwaninakhulu.

<u>Intlonipho kunina womntwana.</u>

6ekuthi uma umntwana egula, a6ikele unina. Ku6e ngunina ke ozoyi6ika kuyise no6a umntwana wentombazana ethanda kudla kuni,
7 u6e6ikela unina. Ku6e nguye unina omkhululayo ukuthi kakuthathe akupheke. I6ithi no6a ithombile i6onwe ngunina. A6ikele uyise. I6e se ingena emgonqweni.

6ekuyintlonipho kanina wa6antu uku6a azi konke ngezi ngane zakhe. Kuthi njalo loko okufanele, aku 6ike kuyise.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Nanjengo6a uma umntwana wentombazana, e6ethanda ukuhambela isihlo6o sakhe, u6ikela unina. Ku6e ngunina ozokumcelela kuyise, a6e semkhombela umfana ozokumphelezela.

Kuyintlonipho kunina uku6a kuthi no6a ngu6ani ofuna ukwazi ukuthi ingane ethile iyephi, ayi 6uze kunina, ngo6a, nguye o6ikelwa zingane no6a ziyaphi, no6a ziyaphi. Ngo6a no6a zilambile, zi6ikela unina.

8 Ngo6a, kambe, noma izinsizwa nezintombi zingathandi uku6a izindlela azao zaziwe ngunina zingakalungi, kepha ziyamtshela uma zihamba. Insizwa iyaye isho ithi, "Ungangibeki mama ngisahamba ngisaya ko6ani: ngi zo6uya ntambama". Nentombazana isho ithi, "Mama ngisavakashela kwamalume ngo 6uya kusasa". Loku 6akusho nje 6ayazi ukuthi 6enzela uku6a kwaziwe isikhathi sa6o so ku6uya. Umelume, yisoka layo eye kulo. O6ani, yintombi yakhe aye kuyo. Lokhu ukwenza kunyengokwhlonipha unina. Kungu mthetho ukuphambanisa imikhondo.

UGogo ke no6a6amkhulu nga6angani 6ezingane. Bekuthi noma
9 insizwa ithanda ukuganwa iye kuyisemkhulu, ifike im6alele izintombi zayo, i6uze ukuthi, wena 6a6amkhulu ungaganwa yiyiphi kulezintombi? A6e seyikhomba. A6e semphikisa umfana ethi mina ngithanda eyikuthi, iyeza nje, izoku ngigana. Lihleke ixhegu lithi kepha kungumfazi nako mntanomntanami. Kwefuze unina. Futhi kuzalwa yindoda akuzalwa ngumfokazana. Athi umfana, "Ngiyithanda ka6i kepho angazi ukuthi u6a6a uyothini. Athi uyisemkhulu uyo6e ukhulumani loku uyoganisa intombi wena uvale isimaku. Si khona thina ngeke yaliwe se iganile.

Ethembe ke umfana. Kuthi namhla izofika aye kohle6ela uninakhulu qede eduke ke yena. 6aze 6ayilungise 6ayiqede. Kuthi la uyise womfana ethanda ukwethukeza, efuna ukuyala intombi, athethe
10 uninakhulu ethi, "Kanti niyashinga! Nidlala ngomntanomntanami! Ilungile intombi le yiyekeni igane! Izintwana lezi ezefuza oyise ngokwesa6a ukushaya izinkomo zilo6ole emzini! Eya! Lo6olelani umntanomntanami!

6a6e se6ethula ke 6ethi du! Ngeke 6esaleqa elesalukazi.

Yiyona ndlela ke leyo yoku hlonipha isalukazi neyokuhlonipha ixhegu.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Nentombazana, ngokufanayo, ~~izindabaxa~~ izindaba zayo izikhulumela
ku gogo zonke. Noma yeqo iya ko qhetha emzini, iphumela ngakwa gogo.
Noma iya kogana, iphumela ngakwagogo. Kuthi nalapho se6ethetha
6eyifuna ilahlekile, sithethe nesalukazi sithi, "Kuqala ukuze kulahleke
umuntu yini? Hambani niye kolala. Niyomfuna nakusasa.

11 Nempela 6alale. Kuyasa uyangena umkhongi esezo6ika ukuthi
makufunelwe ngakuye. 6athi la 6ethetha, athi uninakhulu, yekelani
umntanomntanami agane. 6izani izinkomo zenu!" Ngeke 6a6uye 6aleqe
izwi lumuntu omdala.

Nengane i6ifike yedelele unina qede athathe induku ethi
uzoyishaya impela. Kepha uma isi6aleke yaye yangena kuninakhulu,
isihloniphile. Nonina angeke a6e esayithinta. Isimeqele ngaphambili.
Noma e6ethukuthele kakhulu, kuphela ngako loko.

6ekuthi uma umfazi eluhlanya ekhaya, ehlula indoda yakhe,
ethanda ukwethwala uphaphe ekhanda akhweze a6afazi ezicocweni zama-
doda, kuthulwe. Ithi uma isimshaye yamshaya indoda yakhe ya 6ona
12 ukuthi kayimphenduli, imyeke. I6ize a6afowa6o nawo dadewa6o 6eze
kuyise. A6e seyifaka inda6a yaloluhlanya alulo6ola ngezinkomo. Asho
nokuthi yena ulu6uyisela ku6o manje. Ulanda izinkomo zakhe azonayo
walo6ola ngazo uhlanya.

6a6e se6eluhlola ke uda6a- 6e luvivinya ntlangothi zombili.
6a6u6one u6uhlanya 6omlo6okazi. 6a6one futhi ukuthi loku nangu u
yezala nje! Pho! angalahlwa ka njani.

Ku6onakale ukuthi umfana u senengiwe. Usemlahla ngempela.
6angamvumeli ~~a6akwa6o~~ a6akwa6o 6athi qha! ungeqale umchithe. Ake
ahambe aye kunina amlaye. A6e sehlonipha njalo umyeni. A6esethi
umfowa6o omkulu kumlo6okazi, kahambe aye ku6o aye kolaywa ngunina,
amfundise indlela yokuphatha indoda. Kothi uma eselayekile a6uye.
Nempela ahloniphe. Ahambe. Afike alaywe ekhaya. a6uye eselungile.

13 Noma umfazi ephingile, kuyintlonipho uku6a umyeni a6ize
a6afowa6o, 6azothetha icala. Uma 6elithetha, a6avamisiukumchitha
umfazi. 6athi kaye kuyise alande ihlawulo, yena adla izinkomo
zalomuntu. 6angamchithi. 6alindele ukuthi uma engumuntu, uzo
kwesa6a. asepheze isimo sakhe esi6i. A6uye akhe umuzi.

Noma idlozi lakulowomuzi li6onakele liyinyoka esi6ayeni,

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

umnumzane u6e6iza a6afowa6o, 6azokhuluma ukuthi kungenziwanjani. 6akhombisane inkomo ke ezothetha. Igwazwe. Kusuke umfowa6o omkhulu a6ongele idlozi elinika ukudla loko njengo6a li6akhumbule la6ahambela 6alinike lidle li6a6usise.

Noma kwenda intombi 6ekuthi enkundleni kuthethelele umfowa6o kayise ngo6a uyise kanamandla.

14 6ekuthi noma umnumzane ehla6ile nje ekhaya, ethulele umfowa6o omkhulu, amethulele insonyama. Ongemva kwakhe, amethulele umhlu6ulo. Isihloko solimi lwenkomo sidliwe yintombazana encane yikhona zo6uyela esi6ayeni zonke izinkomo zamantomba-zana.

Uma kufiwe, kufe indoda, umfowa6o unamandla okungena umkakhe. Amzalele. A6ambe umuzi ungachitheku.

Konke loku ke kuyintlonipho yokuhlonipha a6afowa6o yise womuntu. Na6afowa6o 6omuntu.

Kungumthetho futhi uku6a kuthi uma intombi iganile, yendile, ihambele ekhaya. Noma iya kophinda imikhondo, noma imane i6akhumbule nje iya ko6a6ona. Kuyintlonipho kunina, naku6afazi 6a6afowa6o
15 uku6a kuthi uma isi6uyela emuva 6ayethwese ukudla okuluhlaza iye kophekela umkhwenyana. Akufanele ithi intombazana ihambele ekhaya ize ithi la seyi6uyela emzini wayo, ihambe ingethwele lutho lokuya kophekela umyeni wayo. Loko ku ngayikhalisa. Loko kuyintlonipho ya6afazi 6a6afowa6a, 6ehlonipha udadewa6o womyeni wa6o.

Kwakuye kuthi la kuhlatshwe ibeka lentombi, i6izwe. Ifike ngayizolo. Iyidle inyama nangakusasa. Kuthi ke ngosuku e6ayela ngalo emzini, ihambe yethwele umhlu6ulo webeka layo. Iye kodla na6asemzini wayo.

Uma intombazana seyaphuma yaya kokwenda, ayisenalo ilungelo lokukhuluma izinda6a zalapha izalwa khona. Iyathula nje i ngaphenduli noma ikhona. Izihloniphe. Ize icelwe ukuthi ake uphendule nawe 6ani.
16 Iphendule ke. Ngo6a uma idimde iphendule ingamenyiwe, 6azoyethuka a6afazi 6a6afowa6o 6athi ayihambe iye konquma emzini wayo. Lapha yaphuma ngesango. Ayimenywe muntu ukunqu ma izinda6a lapha.

Kuyintlonipho yendodakazi uku6a ingendeli ekhaya, ngo6a 6azoyethuka a6alo6okazi 6athi yehlulwe umendo. Inga6i nasithunzi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Kanti futhi kuyintlonipho yayo, uma igulelwa yingane, ishintshe isikhundla. Iye ku6o nomtwana. Aze aphile. I6uye ke. I6uye iphethe ukudla.

Ku6afana 6elamana, noma 6e zalana, kuye kuthi uma omunye ethola icala, 6ahlangane. 6akhulume. 6asizana.

Ngengo6a nje, uma omunye eganwa, 6ayaye 6amsize lowo oganiweyo.
17 Onembuzi ampphe imbuzi. Onenko mo amuphe inkomo. Kuthi noma efisa ukwe6oleka ezinye izinkomo kumfowa6o, uma yena enazo, kepha engakaganwa amzwele impela. Ame6oleke. Naye ke a6uye am6uyisele. Ngaleyondlela, ke, 6ayahloniphana.

Umzala wakho wawungeke umgane, noma kuthiwa umzala u zalindodana, nje. Futhi wawungeke umephuce intombi yakhe. Uyamhlonipha ngo6a sihlo6o sakho.

A6antwana 6omfowa6o yihlo, nga6afowenu impela. Na6antwana 6akamalumakho, zihlo6o zakho impela. Ezinganga6o a6afowenu. ~~U6ahloniph~~ U6ahloniphisa okwa6afowenu.

19.

Indlela yokuhlonipha 6onke la6a6antu a6ehlukenyo a6azihlo6o, ngiyibalile ngaphezulu la ngi kuluma nga6o.

Lezihlo6o zakho kulungile uma uzejwayele kakhulu. Futhi
18 nesifu6a sakho ungasikhipha kuzo uma zingaginklizwanga lihashi esifu6eni.

Ku6azali 6akho uthi 6a6a, uthi mama. Kwa6akhulu 6akho uthi 6a6amkhulu, uthi gogo. Ku6afowa6o yihlo uthi 6a6a omncane, u6a6akazi. Ku6afowa6o na wodadewa6o kanyoko uthi malume uthi mamakazi. Kwa6akwenu uthi mfowethu, uthi dadewethu. Ku6antwana 6a6afowa6o yihlo uthi mfowethu, uthi dadewethu. Ku6antwana 6akamfowa6o nyoko uthi ~~m~~ mzala. Ku6antwana 6akadadewa6o nyoko uthi Kanina. Kumntanendodakazi nowendodana yakho uthi mzukulu. Umnta kadadewenu othi ngumshana yena athi malume.

Umshana uyaya kokwemula kumalume wakhe nowomfana aye kocela
19 inkomo yokulo6ola kuma lume wakhe. Ma ku6e nyalo ke na6antwana 6akamalume 6ayo6uya 6azofuna izin6o ku6o la6ashana uma 6enda noma 6endiwa.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Zonke lezihlo6o uma zifikelwa umse6enzi. zinelungelo ukuya kokhala zicele impahla kwezinye uma zinomse6enzi. Lowo onike omunye, naye uyo6uya azonikwa kona loko okwatholwa omunye, ngo6a imikhombe iya ngokwenanana.

Njengo6a nje, uma intombazana yenda, sekuzwakele ilanga lokuthi makucwiliswe, iye iphume ekhaya ihambele izihlo6o zayo zonke iye kophukula.

Ifike koninalume ingene. 6ayi nike isicephu 6ethi mayihlale. isithathe isiphonse laphaya ihlale phansi. 6ayi6ingelele. Izithulele
20 nje. 6ayiphakele ukudla. Iku6uke nje. 6oze 6a6one ukuthi kanti izophukula. 6a6e se6eyinika izinto ke. No6a yisithe6e, no6a yucansi no6a yimbuzi, no6a yini nje enga6a lusizo kuyo ekwendeni kwayo. I6e isihleka ikhuluma ke idla. Iphume idlulele koninkazi ifike ingene ihlale phansi. 6ayinike isicephu sokuhlala. Isilahle laphaya. 6ayi 6ingelele. Ingavumi. 6ayinike isicephu, isilahle. 6a6one ukuthi uyaphukula 6amnike loko a6amnika kona.

Ihambe zonke izihlo6o zayo intombazana. Ihambe iphukala 6eyiphe impahle. Uma umshado ungakakhahlamezi, iphukule kuze ku6e yinqwa6a impahle yayo. Iye nayo emzini wayo.

Ukuziphatha kahle.

21

20.

Phela ngesizulu umuntu u6ingelelwa kanye. Ka6ingelelwa kaningi uma njalo um6one ekuseni, uzothi, "Saku6ona". Uma um6one emini uzothi kuye, "Saku6ona. Uma njalo um6one ntambama noma kusihlwa uzothi, "Saku6ona. Akukho okunye.

21.

Kuye kuthi ke uma umuntu engena ekhaya, anikwe isi gqiki, uma engowesilisa. Uma engowesifazana anikwe isicephu. Athi, ke, angahlala azinze, a6e se6ingelelwa ke, kuthiwe, "Saku6ona". A6e sethi, "Ye6o". Uma kungumuntu owaziwayo, ke, kuthiwe, "Usaphila?" a6esethi, "Ye6o ngisaphila, ngingezwa nina". 6athi ke, "Ayi, ke, nathi sisaphila".

22 Uma kungumuntu o ngaziwa kuthiwe, "Saku6ona". Avume athi, "ye6o". ku6e sekuthiwa, "Pho! Kuqhanyukwaphi?" A6esesho indawo lapha eqhamuka khona. Ku6e sekuthiwa, "Pho! kuqondwephi?" Usesho ke lapha eqonde khona.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Se6emephulela ukudla ke 6emnika edla, uma k ukhona, Uma kungekho, se6emgayela idokwe lama6ele, 6elipheka 6e lithi du, 6aliphakululele emcakulweni (ukhamba lokuphakela ), 6ephaka ngengxwembe yoswela 'uselwa) noma ngeyomuthi. Se6e 6eka phambi kwakhe ke, esedla ngokhezo.

6aqaphele kakhulu uma 6emnika ukhezo, 6angamniki olomnumzane. 6angamphakeli emcakulweni womnumzane. Umnumzane kadlelani na6antu.
23 Unezitsha zakhe adla ngazo, adlele kuzo. Zizodwa ezezihambi.

Loku kwenziwa uma umuntu engena, um6ingelela ngo6a engena.

Kanti naye kufanele afike qede emnyango akhulekele, uku ze kwazeke ukuthi ungena nje ukhala ngani.

Uma elambile uthi, "Eh! mnumzane! Esomhambi asingakanani, singangenso yenyoni! Nokupha umuntu ukuzidumisa. Nokuncisha umuntu, ukuzidumisa! "

Angene qede athi fofololo phansi, ngasesililini samadoda uma eyindoda; uma engowesifazana ahlale ngakwesesifazana isilili, engangqongqothanga emnyango.

A6e sethi umuntu ongaphakathi, "Au! Musa ukuhlala phansi, nasi isigqiki, noma, nasi isicephu.

24 Manje usem6ingelela nje uyazi ukuthi ulambile ngo6a uzwile lapha ekhulekela.

Usemlungisela ukudla ke uyamnika. Kanti noma e6e dimede wakhulekela ngokuthi Oh! Wena wakwa6ani! wangena, uma kukhona ukudla 6ayamphakela.

Uma ekhulekela indawo yokulala, esihambi, futhi u zokusho athi, "Eh! Wena wasekuthini! Ngikhulekela ukufihla ikhanda ~~ngedu~~ ngedlule".

Usem6ingelela ke umnumzane em6uza lapha eqhamuka khona nalapha eya khona. Ese6uza nenkosi yakhe ukuthi ingu 6ani. Nezikhulu zaku6o.

Usengena ke unkosikazi nokudla ngomcakulo nezinkezo ngomgodlo. Use6eka phambi komnumzane. Uma kungumuntu ofanele uzom6iza asondele
25 6adle 6o6o6ili emcakulweni. Uma kungumuntu ongafanele kuzo6e kulethwe ngemicakulo emi6ili. A6e sem6iza ke umnumzane esondela. Emnika ukudla emkhiphela nokhezo emgodleni emnika.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Se6edla ke 6ethi du. Se6e6eka phansi izinkezo 6ezeyamisa emcakulweni. Se6e6iza amanzi ke 6exuba 6ethi du. 6ephuza.

6elu umthetho wesizulu akuphazwa kusadliwa. Uma usu6iza amanzi wesuthi. Sekufanele lowo okunikeza amanzi asuse ukudla ngo 6a usengenisa amanzi uku6a uxube uphuze ngo6a se wesuthi.

Umnumzane ke usekhomba ukuthi kendlalelwe kuyiphi indawo.
26 Ngo6a phela uma kuyisihambi sendoda, kufanele silale lapha kulele khona umnumzane. Singalali kwenye indlu, ukuze kunga6ikho sidumo.

Uma kungesesifazana, naso sizolala endlini elele umnumzane, ukuze kunga6ikho sidumo. Sizokwendlalelwa nje esililini sa6afazi silale kuse, pha, sivalelise sihambe.

Ngo6a phela nazi kahle ukuthi izindlu zesintu zazingenamakamelo njengalezi esenizakha manje. 6ekuye kwakhiwe nje indlu yesintu eyindlilinga. Ku6e khona iziko phakathi nendlu. Uma ke umuntu engena ngomnyango, kuye kuthi ngasesandleni sakhe sokhohlo ku6e yisilili sa6afazi. Ngakwesokunene ngesamadoda. A6antu ke 6akwazi kahle loko.

27 Manje ke noma kungekho sihambi esikhona, uma sekulalwa, izingane esezingamantombazana na6afana ziyaphuma ziye elawini, ezincane zendlalelwe esililini sa6afazi, nga nina. Zilale ke zi6ole. Nonina endlale esililini sa6afazi alale. Nomnumzane alale esililini samadoda.

Kuzothi la se6e6ona ukuthi akusenakungena muntu, manje nezingane sezilele, zi6olile, a6esem6iza, ke, umnumzane, e6iza umkakhe. A6e sevuka ehlola izingane zonke ukuthi zilele kahle azembese nesezizambulile. A6one kahle ukuthi zilele zi6olile.

A6e senyonyo6a, ke, eqa eya esililini samadoda, afike angene embathe kumnumzane. 6athoko zisane ke. Kepha kakwazi ukuzunywa
28 6uthongo esengakumnumzane. Uzohlalela ovalweni njalo, noma 6ethokozisana, ashehe amshiye umnumzane kusemnandi a6ange ukuthi nangomuso ko6a mnandi. A6uyele endaweni yakhe. Esililini sakhe. Ziyakhala zitshweza izinkuku awusa6oni nokuthi uke weqa. Usehonqa endaweni yakhe.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Nezingane zingaze zaqonda ukuthi uke a6izwe. Zona zazi nje ukuthi unina ulala endaweni yakhe. Noyise ulala, endaweni yakhe.

A6antu ke, a6angenayo, noma 6engena kumpondo zankomo, a6akwazi uku6atholela. 6a zofica umnumzane elele endaweni yakhe. 6a6engamanono. 6a6e6edlula la6a 6amakamelo. 6uhle u6unono.

29 Muhle umfazi avuke kumnyama noma ephuma kwakhe ekamelweni. Lingaphumi ilanga elele nendoda. Amanyala lawo. Noma ushadile. Thina 6antu si6uka ku 6unuku o6u6i, uku6a kuze kuhambe a6antu emnyango umfazi eloku esesekamelweni kwakhe. Isuke ihluphekile leyo ndoda. Ingathathanga lutho. Yathatha inuku. Ni6okuphawula loko 6akithi ukuthi u6untu 6uhleli kumuntu. Lento yo6unuku siyi phawula kakhulu. Asazi ke ku6antu'a6amhlophe na6o 6anemithetho yaku6o.

Uma umuntu omdala e6ingelela umuntu omncane uthi, "Saku6ona 6ani6ani! Usaphila unyoko. Pho! Uyaphi?" a6esemtshela ke ukuthi uphumaphi nokuthi uyaphi a6esethi, "Hamba kahle ukhonze kunyoko.

30 Uma umuntu e6ingelela untanga yakhe, uhleka ehamba laphaya. Uyaqala uyafika kuye, kade em6izile ngesiga a6a6izana ngaso. Usemxhawula emphindelela. Se6ehleka 6e6uzana impilo. 6e6uzana nokuthi omunye uphumaphi nokuthi uyaphi.

Uma kuhlangana a6esilisa 6o6o6ili, noma kunga6esifazana 6o6o6ili, 6aye 6ahlangane. Ku6e sengathi 6ayedlulana. Kuthi la 6enjengalaphaya, nje, 6aphendukela ne 6eme.

A6e seqala omunye ethi, "Saku6ona". Aphendule omunye athi, "ye6o" Se6e6uzana nempilo. Se6e landisana ke ngayo impilo, ke. Se6e6uzana nokuthi 6ayaphi nokuthi 6aphumaphi. 6a6e se6exhwulana njalo 6ehluka na uma 6azana.

31 Uma kuhlangana owesifazana nowesilisa 6ezihlo6o, noma engu mngani womyeni wakhe, 6azo hlangana nje omunye eqhamuka ngapha nomunye eqhamuka ngapha. 6ahlangane ku6e sengathi 6ayedlulana nje, 6a6e se6ephendukelana.

Usethi owesifazana, au Saku6ona, wena wasekuthini. esevuma, 6exhawulana. Owesi fazana uxhawula ngazo zonke ngo6a uyahlonipha phela. Uhlonipha umuntu wesilisa. Use hlehla njalo ema lapha

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

e6emi khona. ~~Uxxxxxxx~~ Use6ambelela edolweni ngesandla sokudla. ngo6a akufanele emele umuntu wesilisa. Se6e6uzana impilo ke. 6eshiyelana nogwayi la 6enako ukushiyelana. Se6exoxa ke ~~6atxy~~ 6e6uye 6ehlukana ke.

32 Uma uhlangana nomuntu omkhulu yena uyazithulela nje. Wena umehezukele. U6e sewuthi ukumedlula, qede uphenduke ume. Um6ingelele avume. Uma kufanele, umxhawule ngazo zonke. Uhlehle ke ume lapa u6umi khona. Kwesinye isikhathi angakunaki azihambele no6ukhulu 6akhe. Kwesinye isikhathi eme. Uma ke emile, um6uze impilo. Ukhuluma naye njalo u6ambelele edolweni. Kammele. A6e sesho ke naye athi Cha sisapila, singezwa nina nawe ke usho ukuthi cha nawe usaphila. A6esesuka njalo ehamba. Nawe ka uhambe.

Uma uhlangana nomfokazana uyam6ingelela nje wedlule. Kudle njalo ke uma kungumfokazana omaziyo, um6uze nempilo, kanye nempilo ya6aku6o. Uvalelise uhambe.

33 Uma uvalelisa phela, noma yiku6ani, kufanele uthi, "Salakahle", uma kungukuthi nguwe osenendlela ende yoku6a uyihambe. Uthi, "Hamba kahle", uma kunguwe osekhaya, uhleli. Kunguye lowo ovalelisa ~~kxx~~ kuye, osezohamba. Kunjalo ke.

Uma uhlangana nomuntu osihambi, esendleleni, niye nihlangane nedlulane isi6angana nje, ni6e seniphendukelana. A6e sethi, "Aphelile Nkosikazi". U6e se uthi, "Saku6ona!" Usevuma naye. U6e se uthi, "Aphele umpehla wafuthi! 6ekuqhanyukwaphi?" Loku ukusho nje, usu6ambelele edolweni, ngo6a awunakuyi mela indoda.

Isikutshela ke ithi, "Ngiqhamuka ekuthini ngiya ekuthini". U6e se uthi, "Cha, yelula uyofika 6esinda ko6ani". (Ukusinda loko
34 usho uku6a usazi ukuthi 6ayaphuza emzini oyikuthi).

Use6onga ke, naye, usephikelela phambili. Kokunye afike asinde ngempela kulowo muzi amyalele wona.

Uma indoda ifica owesifaza na ese6enza endle, ithi nje lapha idlula ngakuye, a6e sethi, "Ake ungishiyele 6a6a, 6o!" Noma ithi "Ngekhala lakho 6a6a, 6o!" Noma ithi "Ngekhala lakho 6a6a, 6o!" A6e sesima lomuntu. Uselandula, ethi, "Phinde! mama!" Usekhipha ishungu lakhe njalo, ngo6a phela ugwayi ubenywa ulandulwa.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Usemchathazela ke esandleni so6uncele, ngo6a ukhangezwa ngaso. Uyawemukela, uya6uza uthi, "pho! Kuqhanyukwaphi?" amtshele. "Kuyiwaphi?" amtshele. I6e se i6uza indoda lapha inga sinda khona. Useyilayela. Isivalelisa njalo, ihamba.

35 22.

Uma umuntu omdala ehla ngana nomuntu omusha, kufanele 6ahlangane, 6edlulane isi6angana, qede 6eme 6o6o6ili Ku6e sekuqala omdala ethi "Saku6ona!" Usevuma omncane, evuma ngokuthe6eka, ethi, "Ye6o". Use6uza omdala ethi, "Pho! wena ungumfana noma uyintombazana ka6ani?" Usezisho. Use6uza ethi, "6asahamba kwenu?" usevuma. Athi, "Ungikhonzele kuyihlo noma kunyoko". Use 6uza umntwana lowo ethi, "Ngothi, kukhonze 6ani? Usemtshela ethi, "Wothi kukhonze u6ani wasekuthini". esethi umntwana wasekuthini" esethi umntwana "Oh!" Usemxhawula njalo, ethi, hamba mntanami". Se6ehlukana njalo.

36 Uma umuntu omkhulu ehlangana nomfokazana, kuzo6a ngumfokazana oaothi, "Wena wasekuthini!" A6e sephenduka umuntu omkhulu, ethi saku6ona usevuma, ethi "6uthelezi", uma ku ngowakwa 6uthelezi. Usedlula njalo ezihambela umuntu omkhulu.

23.

Uma umuntu ekhulekela esihlotsheni sakhe segazi, uyaye athi, "Oh! Si6ani6ani, em6iza ngesi6ongo sakhe. Noma athi, Wena wasemgazini, uma igama lomuzi wakhe ku yiseMgazini. Noma athi Eh! Cijimpi, uma i6utho lakhe kungu Cijimpi.

Uma umuntu ekhulekela kumngani wakhe, naye um6iza ngaso isi6ongo sakhe, noma asho isimbo a6a6izana ngaso, noma amkhulekele

37 ngegama le6utho lakhe, noma ngegama lomuzi waku6o.

Uma owesilisa ekhulekela ko wesifazana, ukhulekela ngegama lomnumzane wakhona, noma engekho, ngo6a akuzange kukhulekelwe kumfazi. Umfazi kanamuzi.

Uma umuntu ekhulekela enkosini, uyaye athi, "Nda6ezitha!"

Uma ekhulekela induna, uthi "Nduna ka Nda6a!" Ku6e kwenele loko ngo6a ungeke phela wande namazwi kumuntu omkhulu.

24.

Kwaku6a ku6i ka6i uma umuntu ekhomba omunye ngomunwe. Kuthi we umkhomba ngenjumbane yomthakathi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Ngo6a phela umkhomba ngomunwe wesikhombisa, athi, "Wena!" "Ngokulungisa!" Ku6e wedelele lowo ngo6a phela umthakathi ukhomba

38 umuntu ngenjumbane, nje, ugco6e umuthi kulomunwe/wakhe akukhomba ngawo. Wena ke uzokwenela ukukhonjwa nje u6usugongo6ala njalo ufa.

Okunye futhi, ngaphandle kwenjumbane leyo, usuke ekwedelela ka6i umuntu ekukhomba ngomunwe wesikhombisa. Ngo6a lomunwe mu6i. Uthi nxashane usuliphake waliqeda ibodwe, uthathe wona lomunwe ukhothe ngawo amanembe wesulele emlonyeni wakho. Uma ke ukhomba ngalomunwe uyamedelela lowo muntu, uthi kuye kanto yalutho. Ukhotha ingoloyi yebodwe lakwenu, ayinyale ngomlomo wakhe.

Okunye futhi, yena lomuntu okhomba ngenjumbane, ulahlwa yiyo injumbane yakhe, im6onise ukuthi uyedelela. Ngo6a u6o6ona nje nawe.

39 Ngesikhathi ethi, "Wena!" Kuye kwesuke lomunwe wenjumbane uthi nawo, "Wena!" Isithupha sikhombe eceleni. Kuthi ke leminwe emithathu ngocikishane yona isho ikhombe umninyo. Isho kuye ukuthi Wena kathathu.

Nawe nje u6oke wenze uzi6onele. Lo owodwa wenjumbane, wenza intando yakho. Le emithathu Isho kuwe kona loko o6e ukusho kumuntu.

Ngakoke wedelele umuntu osuke ekhomba omunye. Kanandlela. Ungowokushaywa. Wayeshaywa kithi kwa mahamba ehlala.

Futhi kithi, yayithi uma ingane ithunyiwe, ingathi nxashane ifika emzini lapha ithunywe khona qede ime emnyango. Yayingena. Ikhulume loko ekuthunyiwe. Iphendulwe. Iphume ihambe.

40 Akufanele kuthi lapha kuhleli a6antu a6adala, ku6e khona ingane noma ngumuntu omdala ozohambe ema ngaphandle kwendlu elalela ukuthi kukhulunywani.

Uma e6onwa umuntu enza lowomkhu6a, uyashaywa. Unomkhu6a omu6i. Wenza okungenziwa. Afundanga kahle kuyise nakunina. Kashaywe ke.

Wenziwa yini ukuthanda ukuzwa imfihlo ya6antu a6adala? Ufuna ukuxa6anisa izwe. Uyintatheli. Kashaywe ke.

Futhi kwakuye kuthi uma kudliwa, adle ngokhezo umnumzane. Amakhosikezi nezingane zidle ngezandla. Kuthi ke njalo uma seku khona umfana oseyinsizwana, naye a6e nokhezo lwakhe. Nenkosikazi ke yayi6a nalo nje, noma ya yingaluse6enzisi ngaso sonke isikhathi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

41 Ngo6a 6a6eye 6adle nje ngezandla na6antwana 6onke 6amantombazana na6a6afana. Kuthi ke nxashane ethanda adle nje yena ngokhezo lwakhe.

Izintombi zona zazize zigcagce zidla ngezandla. Koze kuthi, ke, sezigcagcile, nje sezize zanikwa namasi emzini, zilande ukhezo nokhamba ku6o lokudlela amasi.

Ku6e sekuthi ke umyeni acije ukhezo lomkakhe ke lokudla ukudla Uma ke esedla ngokhezo, loko kusho ukuthi usengumfazi walapho ekhaya.

Umlo6okazi u6engeke adle ngo khezo emzini ngo6a uqhoshela uyise womyeni wakhe uma edla ngokhezo.

Yonke lento i6onisa ukuthi umuntu wakhuliswa ngendlela enjani.

42 Kwakuye kuthi uma umnumzane noma umuntu omdala, ekade edla, ashiyele no6a yimuphi umntwana.

Ku6e sekuthi ke umntwana lowo onikwe nguyise ukudla okuseleyo, athathe ukhezo alugeze alwesule aye kolufaka emgodleni, qede, a6uye azokudla ngesandla ukudla akushiyelwe nguyise. Akuqede. Ageze umcakulo, awumboze emsamu, a6uye ashanele lapha 6ekudlela khona uyise.

Nina niya6e ni6uza izinto ezazenziwa kuqala nje, lafa lafa elalilihle kakhulu. Kwaku 6uswa kuqala. Ingane yayizazi ukuthi iyingane. Yayingeke igange ngokudla ngokhezo iqhoshele uyise. Isitsha sikayise i6isilungisa kahle isi6eke kahle endaweni yaso.

43 I6ingamphenduli uyise. U6ungeke uyi6one intombazana ima namadoda ayo o6ala, phambi kwa6afowa6o, angisakhulumi ngoyise.

I6ithi noma ithanda ukuxoxa na6angani 6ayo, Iphume iye ensimini iye kolinde ama6ele. 6afike ke a6afokazi. Kuxoxwe ku6e nje. Kepha o6ala nje, phinde, wawungeke uyazele intombazana ukuthi iqomile. Wawuze u6one ngoku6a isigana nje, noma u6one ngo6a seyicelwa nje.

